# ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI

NGU:-

NTOKOZO FAVOURITE MAKHANYA

UMSEBENZI OLETHELWE UKUGCWALISA IZIDINGO

ZEZIQU ZE:-

HONOURS, BACHELOR OF ARTS

EMNYANGWENI WEZILIMI ZOMDABU

ENYUNIVESITHI YAKWAZULU

| | | |
|---|---|---|
| UMELULEKI | : | UMNU L.Z.M. KHUMALO |
| INDAWO | : | DURBAN - UMLAZI. |
| USUKU LOKUPHOTHULA | : | UMASINGANA 1997. |

# ISIFUNGO

NGIYAFUNGA NGIYAQINISA UKUTHI:

ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI

NGUMSEBENZI ONGOWAMI ISIMINYA, NOKUTHI NAYO YONKE IMITHOMBO YOLWAZI ESETSHENZISIWE NECASHUNIWE IVEZIWE YAZISWA NGENDLELA EPHELELE.

F.N. MAKHANYA

UMNIKELO

NGINIKELA LO MSEBENZI KUMYENI WAMI ONGASEKHO UMBUSISWA CHRISTOPHER OWANGIFAKA UGQOZI, KANYE NABANTWANA BAMI: UBHEKISIPHO, THANDEKA, BHEKOKUHLE, NHLANHLA NO THEMBINKOSI, ABANGIBEKEZELELE NGIXAKEKILE NGINGAKWAZI UKUBENELISA NGOTHANDO OLUGCWELE LOBUMAMA.

## ABANTU BOKUBONGWA

NGIFISA UKUBONGA LEZI ZINGQALABUTHO EZILANDELAYO, NGOKUZINIKELA KWAZO UKUZE LOLU CWANINGO LUBE YIMPUMELELO:

UMNU. L.Z.M. KHUMALO UMNTUNGWA, UNDABEZITHA, NGOBUHLAKANI BAKHE UQEQEBULE IZIKHONKWANE KIMINA EBESEZALALA INSILA, WAZIBEKA OBALA, ZABONAKALA, OKUNAMUHLA INSILA ISIMUKE NAMANZI.

UMNU. N.Z.E. XALA NO MNU. E.T. NTOMBELA NGOKUBA NEKHONO ELIMANGALISAYO UKUNGIQWASHISA NGAVULEKA AMEHLO NGAPHOKOPHELA PHAMBILI.

UNKK. N.D. MATHABA NGOKUNGIBHALELA LO MSEBENZI, ANGIHLELELE LELI BHUKU KUNZIMA.

NGINGELIBALE NGABAZALI BAMI UMNU. BHEKUYISE NO-EDDIE (UMASHANGASE) OKUYIBONA ABANGILETHA EMHLABENI.

UHLA LOKUQUKETHWE


| | | IKHASI |
|---|---|---|
| 1.1 | ISINGENISO | 1 |
| 1.2 | IZINHLOSO | 1 |
| 1.3 | INKUTHAZO | 2 |
| 1.4 | INDLELA YOKUQHUBA UCWANINGO | 3 |
| 1.5 | UMKLAMO | 4 |
| 2.1 | ISINGENISO | 4 |
| 2.2 | LIYINI ISIKO? | 5 |
| 2.3 | LIYINI IDLOZI? | 7 |
| 2.3.1 | LITHETHWA UBANI IDLOZI? | 8 |
| 2.3.2 | LITHETHWA KUPHI IDLOZI? | 8 |
| 2.4 | UKUBIKWA KOMUZI | 9 |
| 2.5 | UKUBONGA UMNTWANA OZELWE | 10 |
| 2.6 | UKUKHULISWA KOMNTWANA (UMHLONYANE) | 11 |
| 2.7 | UKUMULISA | 13 |
| 2.8 | UKUNCAMISA INTOMBAZANE | 14 |
| 2.9 | UKUQHOLISA UMLOBOKAZI | 15 |
| 2.10 | UMNTWANA ONEZILONDA EZINGAPHOLI | 16 |
| 2.11 | INGANE ECHAMA IZE IBENDALA | 16 |

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | ISINGENISO | 17 |
| 3.2 | KUYAGULWA | 17 |
| 3.3 | KUSHONIWE | 19 |
| 3.4 | UKUBUYISA (UKUKHUMBULA OWASHONAYO) | 20 |
| 3.5 | UKUVIMBA UMKHOKHA EKHAYA | 22 |
| 3.5.1 | UMKHOKHA WAMABOMU | 22 |
| 3.5.2 | UMKHOKHA WABAKHUNKULI | 24 |
| 3.6 | UKUTHELELANA AMANZI | 25 |
| 4.1 | ISINGENISO | 28 |
| 4.2 | INTOMBAZANE ENGAWUTHOLI UMENDO | 28 |
| 4.3 | UKUNGABAMBI KOMLOBOKAZI | 30 |
| 4.4 | UKUCHITHEKA KOSEKUMUMETHWE NGUMALOKAZANA (UKUMISELA) | 32 |
| 4.5 | UBUNZIMA BOKUKHULULEKA KOMLOBOKAZI | 33 |
| 4.6 | UKUDLULA KWABANTWANA EMHLABENI | 35 |
| 5.1 | ISINGENISO | 36 |
| 5.2 | UKUNGENISWA KOMLOBOKAZI ESIBAYENI | 36 |
| 5.3 | UKWEQIWA KWESILILI | 38 |
| 5.4 | UKUGANISELANA KWEZIHLOBO | 39 |
| 5.5 | UKUBONGA OKUHLE OKWENZEKILE | 41 |

## 1.1 ISINGENISO

Kuyisiko elibalulekile kithina maZulu ukuthethwa kwedlozi. Amadlozi siyawakhumbula siwahloniphe ngoba aphathelene nabaphansi. Kufanele kucace, kumbe kubesobala ukuthi sikhuluma nabakithi asebekwelinga-felwa nkonyane .

Umlando wempilo uzothinta uzalo lonkana, kuze kufike kokhulukhulwane. Ukukhula, ukuziphatha, nempilo yentombazane nomfana ekhaya kuxho-mekeke ezinyanyeni zekhaya kusukela ebunganeni baze bayokwenda, noma bendelwe. Isigaba nesinyathelo abasithathayo ekukhuleni kwabo sibikwa ema-dlozini ngoba kuyiwona abasingethe kulo lonke uchungechunge lwezigaba abadlula kuzona.

## 1.2 IZINHLOSO

Izinhloso zalolu cwaningo ukulekelela isizwe sakithi singalahlekelwa ubuntu nobuzwe baso. Ukukhuthaza isizukulwane esisha ukuba sazi, kumbe sizimbandakanye namasiko esintu. Lolu cwaningo luzoqwashisa abantu abaningi asebalahla amadlozi akubo. Ucwaningo luzophawula ngokunga-hlonipheki nokungagcineki kwedlozi ngemfanelo.

Ucwaningo luhlose ukuvimbela isejwayezi esibi sokuthatha imikhuba noma amasiko ezinye izizwe. awesintu abeseshabalala unomphela. Kulolu cwaningo kuzothintwa imicimbi ethile, nezenzeko zokuthetha idlozi ngokukhuluma noma ngokwenza ungakhulumanga. Ucwaningo luhlose ukuveza ubuciko bomlomo isintu esinabo kwizizukulwane ngezizukulwane. Ucwaningo luzoqhakambisa ukuphathwa nokukhuseleka kwethu ngabakwelingafelwa nkonyane.

## 1.3 INKUTHAZO

Ukubhala lolu cwaningo ngikhuthazwe wukubona amasiko engagcineki ngemfanelo. Ngibona izintombi nezinsizwa seziphambuka endleleni elawulwa obabamkhulu. UMvelingqangi wayesidale ngomfuziselo wakhe, wasichathazela ubuhlakani. Ngibone ihlazo isintu sihlulekile ukugcina ubuntu baso.

Ngikhuthazwe wukudabuka ukubona imindeni ichitheka ngenxa yesisekelo esintengantengayo eyakhe phezu kwaso. Lokhu kubangelwa yizinzalabantu eseziwulibele umsebenzi wazo wokubonisa intsha uma iphambuka. Lokhu kuxhomekeke ekunyakaziseni amadlozi uma kunesidingo, njengokuthi umalokazana akabatholi abantwana, ukuganiselana kwezihlobo.

Ngibone kufanele ngikhumbuze omalokazana asebekhohliwe yinhlonipho nendlela yokuziphatha emzini. Omalokazana ubafica bedabula nembiza yamanzi egcekeni noma bengena esibayeni bazikhelele ubulongwe. Lokhu kukhombisa ukwehla kwezinga lenhlonipho eSintwini, elizogcina liphele nya.

## 1.4 INDLELA YOKUQHUBA UCWANINGO

Ukubheka emthonjeni wolwazi umsebenzi wabanye oSolwazi emkhakheni wesiZulu. Ukungena inxuluma ngenxuluma ngicobelele ulwazi kwasebengwevu, ngiphinde ngiqhathanise inqubo yabo uqobo. Ukuhambela imicimbi yalolu hlobo olulandelayo:

i) Kusukela umntwana ezalwa aze agcagce noma agcagcelwe.

ii) Emndenini

iii) Kushoniwe

iv) Kuvinjwa umkhokha ekhaya

v) Izinkinga ezithile umndeni ohlangabezana nazo.

## 1.5 UMKLAMO

Ukuthethwa kwedlozi kwahlukene, nezindawo elithethwa kuzona azifani, kanti nesikhathi elithethwa ngaso asifani. Lolu cwaningo luzophawula ngokuthethwa kwedlozi kusukela umntwana ezalwa aze ayogcagca. Ucwaningo luzobhekisisa ukuthethwa kwedlozi emsebenzini nasemicimbini ethile eqondene nomndeni . Ukuthethwa kwedlozi kuzoqondana nokukhuza ulaka kwizehlo ezithile ekhaya. Kuzobhekwa kabanzi ukubaluleka kokuvikela izifo, izitha namalumbo angakhungatha umndeni. Kugqanyiswa ukudlulisa isiko lokubonga kwabaphansi kulesi senzo esihle abakwenzele sona.

## 2.1 ISINGENISO

UMsimang, (1975:17) ufakaza athi:

> Impilo yonke yamaZulu iyinto yinye nokwazisa amadlozi. Umuzi ngamunye wethembele edlozini lawo. Kwaze kwavela isaga esithi:"Akudlozi laya kwenye indlu ladela kwabo." Ukuzalwa komntwana kuxhasene nokwazisa amadlozi, ukukhuliswa kwakhe, ukuhlaba nibuse ekhaya, ukugula nokuphila. Konke kungechazeke kungathintwanga ekwaziseni abangasekho.

## 2.2 LIYINI ISIKO?

Isiko yiloko osekujwayelwe ukwenziwa (isijwayezi), osekuze kwamukeleka njengomthetho. Isiko lingumkhuba oqala ngesigigaba esithile, esiya ngokudlondlobala, sijule. Lo mkhuba unikezelwa ngalokho umuntu angabambelela kuko, okuyothi-ke ngokudlondlobala kwawo, bese uba yisiko. Lokhu kwenzeka uma sekunabadala lo mkhuba owaqala kubona, okunye kuthi uma bengasekho emhlabeni, bafune kuqhutshekwe lapho bagcina khona. Kube sekuvela nezimpawu ezithile eziyizinkomba zokuthi isiko elithile lidinga ukugcinwa, kumbe aligcinwanga ngesikhathi lidingeka.

Umkhuba uma usuphenduke isiko ube usuphoqa ukuba wenziwe noma ikanjani, ngoba usunesisekelo sabadala.

Isiko-ke limele ukugcinwa, ngoba uma lingagcinwanga kuba nesilokozane kwabadala. Kwesinye isikhathi uma izinto zingaphethwanga ngemfanelo, izelelesi ziyokwehlelwa yimiswazi, imikhokha kanye namalumbo.

Isibonelo: Ukwemula kwaqala nje kuyinto ewumkhuba, wenziwa yilowo mnumzane ngoba efuna ukubonga ingane yakhe ngokuziphatha kahle. Ekuhambeni kwesikhathi lo mkhuba ngokudlondlobala kwawo, wase wenziwa ngabantu bonke. Abadala-ke base bewuphoqa ukuthi usungenziwa njengesiko.

Esinye isibonelo esombondo: Umbondo kwabe kuyizipho zikamalokazana, epha abasemzini. Manje izalukazi ziyakuthanda ukudla. Yizona phela ezingabasunguli bombondo. Umbondo usuze waphenduka isiko, futhi eliyimpoqo.

Kungakhaleleka kakhulu uma umlobokazi ephundulekile, wangakugcina lokhu, futhi angase abe nezinkinga ngisho emendweni. Mhlawumbe ancishwe abantwana noma aphucwe nalabo asebusiswe ngabo imbala.

UShangase, (1996) ufakaza athi:

> Isiko liyigugu nomlando wempilo yesizwe ngesizwe, esiziqhenya ngalo, yilona elihlanganisa impilo yabantu. Isiko lisifundisa kabanzi ngezindlela zokuziphatha kwaleso naleso sizwe.
> Isiko liyindlela kumbe umgudu abantu baleso sizwe abadinga bahambe ngawo. Isiko liyinkolelo yesizwe ngesizwe. Isiko alithathelwa futhi alifundelwa komunye umuntu. Isiko liyinqubo nenkambo yezizwe ngokwahlukana. Isiko liyinto ebucayi, edinga ukugcinwa, ilondolozwe njengezikhali zamaNtungwa. Isiko lidinga ukudluliselwa kwizizukulwane ngesizukulwane. Isiko liyindlela yokufeza izidingo ezithile empilweni yomuntu ngomuntu, kuye ngezigaba namabanga okukhula kwakhe. Isiko lingenzelwa ukubonga uma kunobuhle obuthile obukuvelele, kushwelezwa uma kuneziphosiso ezidinga ukugcinwa.
> Isiko lenzelwa nokucela inhlanhla enkambweni yomuntu emhlabeni.

UNyembezi noNxumalo, (1966:99) bafakaza bathi:

> Igama elithi isiko umuntu angalichaza ngokuthi lingumkhuba owenziwayo; inqubo eyejwayelekile elandelwa yisizwe; indlela yempilo eqokothiswe yaba nesigqi somthetho - okuthi lapho umuntu eyeqa imithetho okufanele ayigcine avelelwe yishwa, yena, noma umndeni wakhe, noma nanaso sonke isizwe sakhe - kube kuya ngokuthi isimiselo sakhe besisikhulu kangakanani ekufezeni lokho obekufanele ukwenziwa.

## 2.3 LIYINI IDLOZI?

Idlozi umuntu womndeni ongasekho, kodwa osebona kangcono njengoba esengale kwelingafelwa nkonyane. Abantu abangasekho bayimimoya ebizwa ngamagama amaningi. Abanye bathi abaphansi, amathongo, izinyanya noma amadlozi. Bonke abantu abangasekho bayahlonishwa. Uma kukhulunywa ngedlozi okufanele lithethwe kuba ngelomoya womuntu othile obalulekile emndenini, njengobaba, umkhulu noma ukhokho. Kuyenzeka futhi idlozi kube ngumuntu wesifazane, umama, ugogo nokhokho. Kwesinye isikhathi likhona idlozi lengane, nakuba lona lingathethwa.

## 2.3.1 LITHETHWA UBANI IDLOZI?

Ngokwesiko lesiZulu idlozi lithethwa ngumuntu oyinhloko yekhaya. Kungaba ubaba, ubabamkhulu uma esekhona noma umuntu omdala wesilisa uma ingekho inhloko yekhaya. Akuvamisile ngokwesiko lesiZulu idlozi lithethwe umuntu wesifazane nomuntu osemncane. Okungenani uma engekho umuntu wesilisa ofanele, lingathethwa umuntu oyisalukazi ngokuyaluza egcekeni, akhuze umhlola.Kwesinye isikhathi isalukazi siguqa emsamo bese sishisa impepho uma sesikhuluma nabangasekho.

## 2.3.2 LITHETHWA KUPHI IDLOZI?

Ngokujwayelekile idlozi lithethwa emsamo. Phela umsamo yilapho abadala bekwazi ukuzimbandakanya kahle khona nedlozi. Umsamo yindawo yamadlozi. Umsamo yindawo yokushisela impepho uma kuthethwa idlozi. Ukunuka kwempepho nokubona utshwala emsamo kuyawathokozisa amadlozi, ngoba konke lokhu kuwukudla kwawo. Emsamo, izitsha zesiZulu, izinkamba namabhodwe kuvunyelwa ngamadlozi ukuthi kube yindawo yakho. Idlozi liyathethwa nasesibayeni. Isizathu salokho ukuthi kuthathwa ngokuthi abantu abadala, ikakhulukazi abanumzane bekhaya bahlezi esibayeni.

Ngakho- ke indoda ingena esibayeni ngesikhulu isizotha iphethe izinduku zayo, ikhombisa ukuthi wumnumzane wekhaya. Lesi sizotha futhi ngesokuhlonipha indawo anyathela kuyona, azisa abangasekho abalele kuyo.

## 2.4 UKUBIKWA KOMUZI

Ngokomthetho wesiZulu, umuzi owakhiwe akuwona owomnumzane lowo, kodwa ngokayise. Lowo yise njalo ekhona esaphila noma esedlulile emhlabeni. Lokhu kungenye indlela yokuthi ngesiZulu umuzi ngowabaphansi. Noma ngabe yini eyenziwayo lapha phakathi kwabomuzi, ibikwa kwabaphansi kuqala.
Uma omunye womndeni, mhlawumbe indodana esinomkayo nezingane, iphuma inxiwa, kuye kuchithwe igazi lembuzi, kumbe kuhlatswe inkomo. Phela kusuke kubikelwa abaphansi ukuthi sekuyasukwa enxiweni elidala sekuyokwakhiwa kwelisha. Ngaleyo ndlela kunxuswa abaphansi ukuba bahambe nalowo mndeni, bawugcine, bawuvikele enxiweni elisha. Kanjalo futhi kubalulekile ukuthi uma sekungeniwe enxiweni elisha, kwenziwe omunye umsebenzi wokuchitha igazi.

Lokhu kwenzelwa ukubika kwabangasekho ukuthi sebekulelo nxiwa. Baphinde bacele amadlozi angene nabo lapho, aphinde abakhusele. Kuyenzeka ngephutha lingagcinwa lelo siko. Uma sekuthathwa izinduku kuyiwa ohlanyeni, kuye kutholakale ukuthi abaphansi banesikhalo. Bayabuza ukuthi inxiwa elidala lisele nobani?
Lo muzi abangawubikanga ngokabani? Lokho kwesinye isikhathi kuye kuvele ngesifo esithile emndenini.

## 2.5 UKUBONGA UMNTWANA OZELWE

Kuyisiko elibalulekile kithina maZulu ukubonga umntwana ozelwe. Phela lo mntwana uyisipho esivela emadlozini. Ngakho-ke kudingeka ukuba abazali bomntwana bakhombise ukusithakasela isenzo esihle samadlozi, ngokuba babonge.

UChiliza, (1996) uthi:

> Umntwana wokuqala ozelwe, umfana noma yintombazane, wenzelwa imbeleko ngokuhlatshelwa inkomo noma imbuzi. Njengesipho esilindelekile emndenini, kuyilungelo lomndeni ukuchitha igazi kubongwe lesi sipho.

Umkhulu noma ugogo ushisa impepho emsamo. Kuthethwa idlozi ngokubonga umntwana osetholakele emndenini. Kuye kuhlatshwe isilwane esilungiselelwe. Ngakusasa ingane leyo ebongwayo iphelezelwa enye ingane yakwabo kuyiwe esibayeni. Amakhosikazi ayahlabelela ashaye nezandla, amadoda ashaya izinduku aziphambanise. Umama omdala uphatha ukhamba lotshwala. Baphatha nesitsha esincane esinebomvu elixovwe ngotshwala nomalala (ikhambi).

Leyo ngane eyenzelwa isiphandla bese iyagcotshwa kusuka ekhanda kuya ezinyaweni. Ibe seyibhixwa ngebomvu wonke umzimba. Ngaleli bomvu elixutshwe notshwala kanye nekhambi umalala, umntwana usuke eqiniswa ngokophawu lwabasekhaya. Futhi phela usuke esehlanganiswa ngokugcwele namadlozi alelo khaya, ngoba vele phela utshwala ukudla kwamadlozi.

Umntwana lowo ube esegoqwa ngengubo wonke umzimba, bese kuphuzwa utshwala kuhlatshelelwe. Sekuzophunywa futhi kanyekanye kuhlatshelelwa kuphindelwa endlini. Phela ukuhlabelela iyona ndlela abakhombisa ngayo ukujabula okusuka ngaphakathi ezinhliziyweni labo bomndeni. Bakhombisa ukubonga ngokugcwele emadlozini ngokubalethela lesi sipho esiligugu kangaka emndenini. Iyona ndlela yokumema idlozi ukuba liwusingathe ngokugcwele lowo msebenzi, nomntwana ahlanganiswe nabo ngokugcwele.

## 2.6 UKUKHULISWA KOMNTWANA (UMHLONYANE)

Ngesikhathi intombazane ikhuliswa isuke isuka esigabeni sobuntombazane ingena esigabeni sokuba yitshitshi. Intombazane idinga ukululekwa ngunina noma udadewabo oseliqhikiza ngokufanele ikwenze uma izizwa isithelwengamanzi (ukuthomba).

Intombazane uma isithombile ihuqwa ngebomvu ukuze izithunywa zakubo ziyihaqe. Yenzelwa umgonqo ngamacansi ezohlala kuwo. Isongwa ngesiphuku, iphucile ekhanda, ayibangi umsindo izilile. Ihlala ijamele emsamo. Lapho emgongqweni ihleli nezinye izintombi. Uma seziphumile emgongqweni izintombi zigunda amakhanda, bese ziya kotheza. Ekubuyeni kwazo kotheza, umnumzane ubamba izintondolo zomhlonyane ezimbili, abusise ngazo indodakazi yakhe. Kube sekugaywa notshwala.

Uyise uye ashise impepho emsamo abike indodakazi yakhe emadlozini athi: "Nina bosibanibani, nansi indodakazi yenu, isikhulile namhlanje, isingene esigabeni sobutshitshi. Sicela ukuba niyibheke niyisingathe."

"Ekukhuleni kwayo sicela nina nibe nesandla ekuyivikeleni kuzozonke izinkinga ezingase ziyithikameze. Sicela niyisize ekuziphatheni kwayo ukuze ithole umendo omuhle." Emva kwalokho uyise ube eseyithela ngenyongo ezinyaweni. Le nyongo iyona ehlanganisa amadlozi nalowo mntwana okhuliswayo.

Umfana uma ekhuliswa ususwa esigabeni sokuba ngumfana usengena ebubhungwini. Ufunda kuzo izingqwele ekwaluseni ukuthi kufanele enzenjani mhla eshaywa yizibuko. Uyonele umfana angaphupha isalukazi, bese evusa abanewabo afake ibheshwana lakhe. Bakhiphe izinkomo zakwabo nezemizi engomakhelwane ziye edlelweni, behlome bephelele.

Bathi bangabuya abafana edlelweni bame esangweni, kulindwe uyise womfana azomqinisa. Umfana uyancindiswa, akhothiswe nensizi. Emva kwalokho umfana uhlala emsamo, endaweni yamadlozi, akhulumele phansi. Uyise ube esemhlabela inkomo ambike emadlozini esibayeni.

Uyise uyambika emadlozini athi : "Nina bosibanibani, makhehla amadala, nangu umfana wenu ngiyamkhulisa namhlanje. Usephumile esigabeni sobufana uselibhungu.

Ngiyanicela bobamkhulu ukuba nimsingathe, nimkhulise umfana njengoba esephelele ebuntwini.

Melekeleleni ukuthola izimfundiso ezinhle nomqondo okhaliphile kontanga

ukuze akhule eyindoda eqotho. Nimsize aze athole umfazi, akhe umuzi, kwande nosapho."

## 2.7 UKUMULISA

Umemulo ijadu kumbe umcimbi owenzelwa itshitshi. Ngokwesiko lesiZulu akumuliswa noma ubani, kepha kumuliswa umafungwase womnumzane. Kokunye umnumzane ayemulise indodakazi yakhe ngoba iyinhle, kokunye inguzinyobulala. Mhlawumbe njalo wazibona isithunzi sakhe ngayo, noma wayithola kanzima, kungasathenjwa.

Kuvame ukuba kubikwe ngembuzi noma ezimbili, kubikelwe abaphansi ngohlobo lomsebenzi ozokwenziwa. USokhaya ushisa impepho emsamo abikele abaphansi athi: "Bosibanibani nosibanibani le ngane yenu sesiyikhulisile ngokwesiko eliphelele. Njengoba isilitshitshi sesiyayemulisa, sithi ayikhule, idlondlobale.
Yibhekeni makhehla amadala. Inkambo yayo yonke siyibeka ezandleni zenu. Luselude ukhalo kuyona ukuze ithole umendo. Sicela niyiphe amehlo abanzi nahlakaniphile, ikwazi ukumthola ofanele yakhe naye umuzi. Niyiphe nezinhlanhla zokuthola abantwana emendweni."

Intombazane ingena esibayeni ibhince isidwaba. Emva kokubikwa komsebenzi ithelwa ngenyongo, ifakwe isikhwama sayo esihlakaleni. Uyise uyigaxa umhlwehlwe emzimbeni. Konke lokhu okokumema idlozi lisheshe lihlangane nomntwana. Intombazane iphatha umkhonto ewulande koninalume. Basuke bekhona ozakwabo beyiphelezela bezoyibungaza, beyifisela izilokotho ezinhle.

## 2.8 UKUNCAMISA INTOMBAZANE

Ngaphambi kokuhlatshwa kwenkomo, uSokhaya ubika kwabaphansi ngokuhlaba imbuzi. Kubikwa ngayo kuqala kwabaphansi ukuthi umntanabo useyahamba. Imbuzi iyona ecelela umntwana inkambo enhle, inhlalo nomendo omuhle. Phela ngalesi sikhathi umntwana usuke eselungiselela ukuphuma ayoshada.

USokhaya ushisa impepho emsamo abeseyachaza ebika emadlozini ukuthi: "Umntwana enanisiphe yena ngesihle useyahlukana nathi, useyozakhela owakhe umuzi, useyosiphembela isihlobo ekuthini. Siyaninxusa ukuba nihambe naye, naphambili nimkhusele, nimehlisele nezinhlanhla. Ningakhohlwa ukuthi kufanele azale, abe nabantwana. Lokho kuyosenzela igama elihle kwabasemzini basihloniphe, basazise."

Ngesikhathi-ke umntanomnumzane esephuma ekhaya, uyise umhlabela inkomo kulezo zelobolo. Kweminye imindeni uyise uyayithengela intombazane inkomo azoyincamisa ngayo. Lokhu kwenzeka ngenxa yokwahlukahluka kwamasiko.

Intombi ehambayo ichelwa nguyise ngenyongo ekhanda, ebusweni, emalungeni eminwe, emilenzeni nasezinyaweni. Lokho kwenzelwa ukuba amadlozi aze ahambe naye umntwana, ambheke ngeso elibanzi. Abanye njalo kwesinye isikhathi, uyise wentombazane ungena nayo esibayeni, bazungeze nje phakathi bese bephuma-ke. Lokhu kuyikubikezela idlozi. Phela isibaya futhi yithempeli kwaZulu.

## 2.9 UKUQHOLISA UMLOBOKAZI

Leli siko ngelokubika umlobokazi emzini. Inkomo ayigwazwa izintombi zingakangeni esibayeni. Izintombi zingena esibayeni ziphethe udevu lwamanzi neva lokuthunga. Zingena esibayeni zihlabelela zishaya nehlombe zithi:

> "Siyayithanda sonke inyama
> Inkomo kadadewethu lena."

Emva kwaloko iqhikiza bese lihluthula inhlali yeshoba lenkomo liye nayo kumalokazana endlini limnike yona ayishaye ifindo. Ayibambe ngesandla ayiqinise, enye inhlali ame phezu kwayo, abeke unyawo phezu kolunye. Lokhu kwenzelwa ukuba ingasheshi ukufa inkomo. Phela inkomo imele yena umlobokazi kwabakhulu bomuzi abangasekho.

Uma inkomo ishesha ukuwa kukhomba ubulula bakhe phakathi komuzi. Iyothi ingawa inkomo umkhongi anike umalokazana imfibinga. Ngaleso sikhathi umalokazana useyamukeleka emadlozini asemzini.

## 2.10 UMNTWANA ONEZILONDA EZINGAPHOLI

Kuyenzeka emndenini umntwana abe nezilonda ezingapholi. Abanye baze bathi unomzimba omubi. Uma kuqhubeka, lowo mntwana uthathwa yizalukazi zimyise esibayeni. USokhaya ufike amshisele impepho, athethe nabangasekho athi: "Ngabe sekwenzenjani bosibanibani kumntwana? Lo mntwana sasimcelile kinina, nasipha yena, sabonga. Manje sabona impilo yakhe isintenga nje? Nithi akwenziwe njani uma esephihlike izilonda ngale ndlela? Useyazinyanya kwayena ngendlela aseyiyona. Sekulukhuni ngisho ukuba ahambe akhululeke phakathi kwabantu. Siyobonga uma nisheshe nasisukumela lesi sicelo."

Umntwana uba esehuqwa ngobulongwe wonke umzimba enqunu. Kusukwa lapho kuyiwe esidulini, bafike bazungeze isiduli. Umntwana uba esegcotshwa ngenhlabathi yesiduli emzimbeni. Lapho futhi basuke bethetha idlozi, bekhalela ukuba umntwana wabo asinde. Ngesikhathi ethetha idlozi umnumzane, nezalukazi ziyahumuzela emadlozini, zenanele inkulumo kaSokhaya.

## 2.11 INGANE ECHAMA IZE IBENDALA

Ngokwesiko lesiZulu umntwana akudingekile ukuthi achame aze abemdala. Uma kwenzekile wachama waze weqelwa yisikhathi, kudingeka ashiselwe impepho emsamo.

Isalukazi esidala sisho ukuthi lokhu kudedeleka okungaka komchamo akuvaleke. Nokwenza lo muntu esemdala kangaka. Idlozi limsize kuleso simo akusona naye afane nabanye. Uma kungenjalo useyohlala ethathwa njengesinyemfu yize esenzelwe wonke umsebenzi oyisidingo njengesiphandla.

Umntwana lowo uyobe esehlatshelwa inkukhu emhlophe, bese egcotshwa ngenyongo wonke umzimba. Lokho kwenzelwa ukuba nesinye somntwana esilula amadlozi asibambe singamhluphi.

## 3.1 ISINGENISO

Okubuhlungu nokunzima kunakho konke okungahle kwehlele umuzi wesiZulu, ukugula komunye womndeni. Kuthi lapho lokhu kugula sekugxile kwaba nezimpande bese kubanga isifo. Ngakho-ke kungabukeka kulisiko elingagcineka lihloniphekile kumZulu ukuhlonipha amadlozi. Ziye zithi lapho sezilishiyile elikaMthaniya izinsizwa, izintombi, izingane, omama nabanumzane abathembekile, uzwe ekhala uZulu ethi: "Mhlaba awunoni."

## 3.2 KUYAGULWA

Kuyenzeka kubekhona osegula kakhulu emndenini engasindi ngisho eselashwe kanjani. Kuye kuthathwe izinduku kuyiwe ohlanyeni. Basuke beyozwa imbangela yolaka oseluhlasele umndeni. Nalo uhlanya luqala luthethe idlozi, lubize bonke abakubo. Phela nalo uhlanya amandla okucwaningisisa ngalokhu kugula liwathatha kwabakubo.

Kuye kuphume isalukazi esidala sithathe izinduku sishaye indlu. Isalukazi siye siyaluze egcekeni sithethise amadlozi sithi: "Makhehla amadala sicela kinina nisibhulele lo mkhuhlane osihlasele. Nangu usibanibani esebangwa nezibi, nithule nithini? Sesithembele kinina ukuba nisilwise lempi. Singaba yini kodwa ukuphucwa omunye womndeni."

Kungenjalo, uSokhaya ungena esibayeni ayaluze. Ubabiza bonke abakubo abadala abangasekho ngogome lwabo, athi: "Bokhulukhulwane siyacela nike nisigcinele le ngane yenu. Sibhekeni njalo nina bakhulu bethu, ningasifulatheli. Thina ngokwethu asinawo amandla okuzimela nokuzivikela. Nina niludondolo lwethu lokuzimelela."

"Sizimisele ukukwenza konke okudingekayo. Sicela nehlise lolu laka, nimdedele osezinhlungwini alulame. Nithi abantwana bakhe abasale babe umtshingo ubethwa ngubani? Shwele nina basekuthini, ayidle izibekele. Kodwa kanti aphi amandla enu uma senihlulwa yizitha ngale ndlela? Sindisani le ngane ingaze iphelele emehlweni.

Xoshani lo mkhuhlane uphele nya. Njengoba amandla enkomo noma imbuzi singakabi nawo, sizoshweleza ngalezi zinkukhu okwesikhashana."

Uma kungumuntu omdala ogulayo,. ongasenamandla uye acele iqatha lenyama. Iyona nkomba leyo yokuthi useyagoduka. Uma kungumnumzane uphelezelwa ngokuthi ahlatshelwe inkomo. Owesifazane yena uhlatshelwa imbuzi. Leso silwane ahlatshelwa sona kusuke kungesokumcelela indlela enhle kwabadala.

Umnumzane wekhaya ushisa impepho ambike koyisemkhulu. kokhokho nakokhulukhulwane ukuthi: "Nango-ke umntwana wenu useyeza. Nihambe ngakwesokunene, ningaduki uma senimhlangabeza. Isisendleleni-ke manje insizwa noma intokazi endala. Siyicelela indlela enhle kinina bobabamkhulu. Yihlangabezeni nize niyithi qithi kwabakubo. Afike abe yidlozi elihle ngale njengoba ebevele eseyilo esengalapha."

## 3.3 KUSHONIWE

Uma umuntu esedlulile emhlabeni kusuke sekufike lapho impilo yakhe iphela khona. Lapho ezalwa umuntu kwenziwa imininigwane eminingi. Nalapho esehambile emhlabeni uphelezelwa ngendlela ethathelayo. Kugcinwa amasiko wonkana phela ngemfanelo. Kunenkolelo yokuthi lowo oshonile useya kokhokho njengedlozi.

Umnumzane uyacela kubona athi: "Bosibanibani, mhlangabezeni usibanibani angaduki. Nina hambani ngakwesokudla isandla uma nimhlangabeza ukuze aye emndenini walapho endele khona. Uma nihamba ngakwesokunxele leyo ndlela iya koninalume, kanti uma ehamba ngakwesokudla iya kubo. Uma kunamacala awenzileyo, nimxolele ngoba kuzokhulunywa kulungiswe konke."

UShangase, (1996) ufakaza uthi:

> Kungenzeka kube ngumuntu omdala oshonile. Lowo-ke kuthiwa usegodukile. Uma umuntu egodukile usuke eselidlozi. Lokhu kwenziwa ukuthi akukhulumile kwenzeka njengamagama akhe. Njengoba vele eselidlozi esekhona lapha emhlabeni, ufike abe yidlozi elihle ngale kwelawokhokho. Abheke umuzi wakhe nabantwana abakhulise ngemfanelo.

## 3.4 UKUBUYISA (UKUKHUMBULA OWASHONAYO)

Kuphela unyaka umnumzane eshonile bese amakhosikazi ekhumula inzilo, agezwe ekhaya. Emva kokukhumula inzila, bese eyabuyiswa umnumzane. Ngaphambi kosuku lomsebenzi, kufanele kwenziwe imbuzi yokumbika ukuthi useyabuyiswa.

Lokhu kwenzelwa ukuthi naye ameme oyisemkhulu. Nalapho ekuthethweni kwedlozi akuqalwa ngaye. Kuqala kubizwe okhulukhulwane, okhokho, obaba-mkhulu, oyise kugcinwe ngaye.

Ekuthethweni kwedlozi kushiswa impepho, nembuzi nansi la ibheke emsamo. Useguqile lowo omdala othetha idlozi emsamo. Ababize-ke abakubo ngokulandelana kwabo, kuze kufike kuyena lo obuyiswayo. Umnumzane uma esethetha idlozi ubagagula athi: "Nina boShongololo, Lusibalukhulu, Dlabazane, ngiyanimema manje nibe kanye nathi kulo msebenzi. Wena sibanibani mema bonke abomuzi asebengale kwelawokhokho bahlangane bakubungaze. Buya-ke uzodla ukudla kwakho nomndeni wonke wakithi.

"Ngicela ushiye izinhlanhla kulo muzi. Kwande imfuyo, kugane amantombazane, abafana babe nemisebenzi emihle. Kuhlonishwane kulo mndeni, kuhlalwe ngokuthula, ngokuzwana nangesizotha kuleli khaya."

Kuye kuhlatshwe inkabi enkulu yomnumzane. Bonke abafana bakamufi bacheiwa ngenyongo. Bese kuthi omdala agqize isikhwama sayo esihlakaleni, Le nyongo iwuphawu lokubaqinisa nokubahlanganisa abafana nabaphansi njengoba sekuyibona asebemele uyise ekhaya. Inyongo futhi ingumfuziselo wamadlozi ngoba ayithatha njengekhaya lawo ngoba imnyama. Inyongo iwuphawu lokwakha ubunye, ihlanganisa abomndeni abasaphila kanye nezinyanya.

Inyama yale nkomo ilaliswa emsamo, nokhamba lotshwala ikhothwe ngamadlozi, idliwe ngakusasa. Kuye kuhutshwe amahubo aqondene nokubuyisa. Ahutshwa ngenjabulo ngoba amanye awo kungaba yilawo umnumzane ayewakhonzile esaphila.

Ngokuhuba lawa mahubo, abomndeni basuke bazizwe sebehlangene naye ngomphefumulo. Sebekhumbula nokuhlabana kwakhe empini uma kungumuntu owayeyiqhawe. Isigqi salawa mahubo siyamthinta lowo okhunjulwayo lapho ekhona asheshe ukuxhumana nabomndeni.

## 3.5 UKUVIMBA UMKHOKHA EKHAYA

Kuyenzeka kuvele umshophi ekhaya, mhlawumbe kukhulelwe intombazane thile emzini womnumzane, ingaganile. Kokunye lokhu kusuke kungamabomu, abadala bekhalela utho luthile. Noma mhlawumbe kungumshophi ovela kubakhunkuli.

### 3.5.1 UMKHOKHA WAMABOMU

Uma kwenzekile ngephutha intombazane yakhulelwa ekhaya ingaganile, umndeni uyahlambalazeka. Lokhu kusuke kukhombisa isikhalo esithile kwabadala.

Umnumzane okhaliphile ngengqondo uyabe esethatha imbuzi ashweleze kwabadala, asho ukuthi: "Ngiyashweleza nina bosibanibani ngalo mkhuba osudalwe yile ngane phakathi komndeni. Sengihlazeke isigodi sonke, negama lami selonakele."

"Le ntombazane ivulele umkhokha omubi phakathi komndeni, ongeke usanqamuka. Phela njengoba eseqalile, wonke amantombazane awasaphephile neze, asenokukhulelwa noma yinini. Kodwa nikuvumeleni lokhu okwenzeke kuleli khaya?

Nithule nathini ingane iphoseka ehlathini? Khona-ke kuthiwa kukhona enikukhalelayo seningaze nikuveze ngokona ikusasa lomntwana pho? Nani bogogo ngithi uma kukhona okukhalelekayo nikuveze, sikulungise."

"Aniboni ngani ukuthi lesi senzo sesivule omkhulu umgodi ongenakugqibeka emndenini. Wonke lawa mantombazane alomndeni asezochaphazeleka kalula yileli hlazo. Sizobe sesizithola singasenantombi esiziqhenya ngayo emndenini. Ngalesi silwane siyashweleza, sicela uvaleke lo mkhokha ungaphinde wenzeke."

Phela ukukhulelwa kwentombi kuyinto eyihlazo neyingozi embi emndenini, nasendaweni. Kwesinye isikhathi iye inyamalale intombi eyehlelwe yilo mshophi, iye ezihlotsheni ezikude.

Nakhona lapho belu ayicanasi ngoba nabakhona bengathandi ukuduma ngegqagqa. Lokhu kubakubi ngisho kuke kwazwakala ezintombini zakuleyo ndawo ngoba kunukubezeka, kujivaze igama nesithunzi sawo. Indaba enje idumaza ngisho umuzi wonke wakubo kwaleyo ntombi. Yehlisa ngisho isithunzi somnumzane, azithole esezenyeza. Sekudinga ahlawule ngenkomo enkosini, ageze igama lakhe nelesigodi saleyo nkosi.

3.5.2 UMKHOKHA WABAKHUNKULI

Umkhokha wabakhunkuli uvela ngeziphoso, ngemibhulelo nangezulu. Laphoke kufanele kubizwe inyanga izovala umkhokha ngokubethela nangokucupha. Ikakhulukazi amanzi amnyama ngoba uzalo luphehlelana wona. Kuqalwa ngamanzi amnyama, kugcinwe ngamhlophe.

Amanzi amnyama aphehlwa ngemvu emnyama, amhlophe amiselwa ngembuzi emhlophe. Phela umbala omnyama uwuphawu lwamabhadi. Ngakhoke nemvu yisilwane esingakhali. Uma umuntu usumvale ngayo usuke usumqedile. Kuyena kusho amabhadi, izinkinga nemishophi. Noma yini umuntu athi uzama ukuyenza ayibinayo impumelelo. Kanti umbala omhlophe ubikezela inhlanhla yodwa, izilokotho ezinhle. Lowo omiselwa ngembuzi emhlophe usuke ezolandelwa yizinhlanhla. Imbuzi iyakhala uma ihlatshwa, ibanga umsindo ozwiwa ngamadlozi, futhi awuthakasele.

Umnumzane uye aqale ngokuyethula kwabadala inyanga ngoba nayo iza nabakubo esebenza ngabo. Kucelwa kubona abadala ukuthi wonke umsebenzi wokucupha, ukuvala nokubethela usekelwe yibona. Emva kokuyethula inyanga iye iqale ukwenza umsebenzi wayo.

Inyanga iye iqale ngako ukubiza abadala balowo mndeni ibahlanganise nabakubo kwayo. Iye isho ukuthi: "Nina bakwa Vumezitha, kaMkheshane, kaThomani ngiyanimema. Ngicela nihlanganyele nabakwaLanga kaNdlozela kasiDwaba, ukuzoxosha nanku umkhokha ekhaya omubi ohlasele umndeni usuzoze uqothe imbokodo nesisekelo. Hlanganani bobabamkhulu nogogo, nihlakaze wonke lawa makhubalo nemibhulelo echithwe kuleli khaya.

Kungeze kwezwakala kahle ukuthi kubhubha umuzi wonke kodwa nikhona, nibona, nithule nithini? Kungumsebenzi wenu ngalapho ukuhlanganisa uzalo niyilwe lempi. Kuphele ukungezwani. Lawa manzi amnyama azobhubhisa umuzi wonke, abozalo banukane bodwa."

3.6 UKUTHELELANA AMANZI

Umkhuba wokuthelelana amanzi ususelwa ezinsizweni. kumbe labo asebezwene amandla ekulweni kwabo baze balimazana. Sekudinga laba bantu bathole umfula eduzane, bagezane amanxeba lawo asopha.

Emva kwalokho babe sebexhawulisana baxolelane. Baye bathembise ukuthi bagcine ngci ukulwa, abaseyuphinde nangengozi. Phela nalowo obesathi uzenza ingqwele, usedlela ogageni ngoba sezisuke zabandala zombili.

Kuyenzeka futhi ukuthelelana amanzi uma kuxatshenwe. Uma kuxabene abomndeni kuyashwelezwa kwabadala. Phela awudingeki umsindo ekhaya. Uma kungabomndeni abaxabene, lowo onecala uvela obala. Isalukazi sibe sesishisa impepho emsamo sibike lo msindo emadlozini. Nalabo abaxabene baguqa eduze nesalukazi. Sibike isalukazi sithi: "Nina bosibanibani ake nikhuze lo msindo omkhulu kangaka ekhaya. Sicela nakhe ukuthula, uxolo nokuzwana kulo mndeni. Lo msindo uzongenisa izitha nemikhokha emibi kalula ekhaya, njengomkhuhlane nezifo."

Isalukazi esidala sithatha amanzi ahlanzekile, sifake umlotha kanye nohlamvu lobuhlalu obumhlophe nesiqunga. Sithatha abaxabene siye nabo ngasesangweni bese sibagezisa. Phela uhlamvu olumhlophe lusho inhlanhla, uxolo kanye nobunye kulabo abaxabene. Umlotha usho ubunye kulabo abaxabene. Labo abaxabene basuka lapho baqonde endlini bengabheki emuva. Emva kwalokho abaxabene babe sebexhawulisana. Isalukazi sibe sesibuyela emsamo sesiyobikela amadlozi ukuthi abebexabene sebexolelene. Umsindo uphela nya.

Uma ingxabano isuke ngaye umalokazana, kudingeka axolise ezinyanyeni. Uyaye athunywe kubo ayobikela umndeni ngosekuvelile. Eseluzwile lonke udaba uyise, ukhetha inkomo azoyiyisa kubo kamkhwenyana. Le nkomo eyokushweleza emadlozini ngesiphosiso sikamalokazana. Uyise kamalo-kazana ufika le nkomo ayethule kumnumzane wekhaya.

Usokhaya uye abikele abangasekho ukuthi: "Nangu umalokazana obesuse ingxabano kuleli khaya, kwaze kwabangeka umsindo. Usebuyile nenkomo yokushweleza. Mayidle izishiyele bosibanibani, lixhoshwa libhekile. Ngethe-mba ukuthi umalokazana ubephundulekile, wakhuluma akaze aziliinganisela.

Uyawabona wonke amaphutha akhe, ngakho-ke uyazisola, ucela intethelelo. Izinyanya zonke zakuleli khaya zingambambeli inhliziyo embi ngokuphambu-ka kwakhe, kwaze kwasuka umsindo ongaka."

Uma kwenzekile umlobokazi wangashweleza ngalo msindo, kungenzeka ehlelwe umshophi othile. Kokunye agule abangwe nezibi, noma kwehliselwe enganeni yakhe. Kuthi noma ethi uyakhululeka kubenzima. Lokho kusho isijeziso ngoba abaphansi besadinwe yilowaya msindo owabangwa ekhaya akwaba ndaba zalutho nje.

## 4.1 ISINGENISO

Izinhlanhla emindenini kunenkolelo yokuthi ziphuma emadlozini, ngoba kuthiwa yiwona aseneso elibanzi kulabo abasaphila. Amashwa wona kunenkolelo yokuthi abangwa yintukuthelo yamadlozi, uma kunezinto ezingagcineki. Ngakho-ke kudingeka abasaphila bazimbandakanye namadlozi ngokucela izinto ezithile, ukuthetha ngesehlo esithile, ukubika ngokuhle okwenzekile ekhaya, nokubonga izehlo ezithile.

## 4.2 INTOMBAZANA ENGAWUTHOLI UMENDO

Kunenkolelo yokuthi yizalukazi esezilidlozi, nezikhethela intombazane umkhwenyana, nomfana umalokazana. Ukugana nokuganwa ngukuphelela kwamabanga okukhula komntwana. Ongaganiwe akakapheleli ebuntwini. Ngokwesiko lesiZulu, owesilisa waziwa ngokuthi ungumfana. Ngokunjalo owesifazane ongendanga uyintombazane aze afe.

UBiyela, (1996) ufakazi athi:

> Uma sekuthethwa idlozi emsamo, kufanele kubekhona ukhamba lotshwala lwabadala. Uma kuzothethwa idlozi utshwala bulaliswa emsamo ngayizolo. Phela yiphunga lalobu tshwala elidonsa imimoya yabantu abangasekho.

Lapha endlini umndeni uhlala ngokwehlukaniswa yisilili. Uma sekuthethwa idlozi bayaguqa, bathobe balalele lokho okubikwayo. Abantu abadala ngokwesiZulu bahlala eMpumalanga.

Ngakho-ke uSokhaya uguqa abheke eMpumalanga, ashise impepho. Ubiza abantu bakubo ngokulandelana kwabo.

Umuntu osemqoka aqala ngaye yikhehla elidala, asho-ke athi: "Wena sibanibani kasibanibani siyakunxusa ukuba usondele. Nani bogogo osibanibani siyakhala emzini wenu. Nansi indodakazi yenu isizoze igugele ezinsisheni, umkhwenyana lutho."

"Sicela nisichazele ukuthi ngabe kodwa sekubambeni. Siyanxusa kinina ukuthi uma kukhona okubambile, noma okuyisiphazamiso ngathi nangalo mntwana nikuxazulule. Impilo nayo ayisemnandi neze lapha ekhaya. Nasendaweni sesiyinhlekisa nje. Nasi nesibaya belu siyagenqeza asinalutho. Asikwazi ngisho ukusenga kodwa lokhu. Sihlezi nengane lapha ekhaya, okufanele ngabe nayo iyoziphembela umuzi wayo.

Siyanincenga ukuba avuleke amasango nina bakabanibani. Nakhu ukudla kwenu. Ngalesi silwane siyanxusa ukuba ingane niyidedele iyoziphembela owayo umuzi. Uma kukhona enikhala ngakho ningasabi ukukuveza obala masinyane ukuze kulungiswe."

Uma mhlawumbe kungumfana ongaganiwe, uyise uyachaza athi: "Nina makhehla amadala, ngicelela nangu umfana inhlanhla yokuthola umfazi azakhele umuzi.

Ngicela kinina bosibanibani umalokazana ozovusa umuzi, alekelele nasi isalukazi sami esesigugile. Nina bogogo nokhulukhulwane khethelani nangu umfana wenu umalokazana, iminyaka seyihambile. Nami sengiyabona ukuthi sengizoziyela kobabamkhulu. Angithi ngiqambe ngihamba emhlabeni, nibe seniyinikile indodana umfazi. Igama lingashabalali kalula emndenini."

Emva kwalokho kube sekuhlatshwa imbuzi emhlophe yokuvula izinhlanhla emndenini. Kudliwa inyama, kuphuzwe notshwala ndawonye. Uma umsebenzi uhambe kahle, omunye akuthathi sikhathi esingakanani ziwushaye emndenini.

## 4.3 UKUNGABAMBI KOMLOBOKAZI

Ubufakazi obuqanda ikhanda nampu:

> Kwabe kuligugu kwaZulu ukuthola abantwana, njengoba kusenjalo namanje. Umalokazana ongatholi abantwana wayelashwa kucelwe nasemadlozini ukuba amsize.
> (UNyembezi noNxumalo, 1966:100).

Emva kokucolwa, umlobokazi uyabikwa emzini ngembuzi. Ngesikhathi umlobokazi eqholiswa emzini, uthelwa ngenyongo. Le nyongo isuke isimbeka ezingeni eligcwele lokuba ngumfazi kulowo mndeni endele kuwona.

Uma sekuthethwa idlozi, izalukazi zishisa impepho emsamo zibe seziphuma zishaye indlu ngemishanelo, kusuka emnyango kuya emsamo. Zibuza kwabangasekho ukuthi:

"Kungani umntanomuntu engasabambi? Useze wonda ngisho ukonda. Wena sibanibani, nosibanibani sicela nihlanganise amakhanda nomlobokazi ukuba naye ashintshe indlela yokuya ocansini. Kuyoze kube nini singagoni kuleli khaya?

Sicaciseleni nina abangasekho ukuthi sekumiphi ngoba samngenisa umlobokazi emagcekeni, sambika nasemadlozini."

Umnumzane wekhaya uqoqa abafana abaganiwe bomndeni bazobonisana ngenkinga abhekene nayo umlobokazi. Phela ngesiZulu umlobokazi ungowamakhehla. USokhaya ube esekhuluma ethi: "Lo mlobokazi wayezokwandisa umuzi, ngakho-ke asimdingi abe elokhu eyintombi phakathi komndeni. Makhehla amadala sicela azibone esengumuntu ophelele emndenini, kuphele ukuzenyeza lokhu asenako phakathi komuzi. Naye uyathanda ukugona njengabanye omalokazana. Lo mlobokazi wayethathelwe ukuba ngumfazi waleli khaya."

"Khona ngabe kuyilumbo, noma abakhunkuli sebengaze banehlule pho? Akenisize niphendule le ndaba masishane ukuze kuphele nokuzenyeza kumalokazana.

Lezi zinkomo ezaphumayo nathi masingazikhaleli, mawubonakale umvuzo wazo. Nithi umfana wethu uzozibukaphi ubudoda bakhe uma nimncisha abantwana? Sizani bokhokho ningabushabalalisi ubuhlobo osebuphenjiwe emndenini."

Ngakusasa sekuzobulawa inkomo. Umnumzane uyawubika umsebenzi, kuzwe nebandla lonke. Nalo ibandla uma seliyidlile leyo nyama, lishiya izilokotho ezinjalo zokuba kubonakale sekunengane phakathi komuzi. Kuvamisile-ke ukuthi emva komsebenzi lowo, kubonakale esesolakala umalokazana. Uma kodwa kuhlulekiwe kuyiwa kwabezihlambezo, noma ageqwe yinyanga eyaziwayo umlobokazi.

## 4.4 UKUCHITHEKA KOSEKUMUMETHWE NGUMALOKAZANA (UKUMISELA)

UMhlongo, (1996) uthi:

> Kuyenzeka idlozi selithethiwe, mhlawumbe ngokucela okuthile, lingasheshi ukuphendula. Kubalulekile-ke ukulazisa idlozi ngobuhlungu abaphilayo abasuke bebhekene nabo. Kudinga kuqalwe ohlanyeni ukuze luhlahle indlela. Uma kukhona okudinga ukugcinwa emndenini, kwaziswa umndeni.

Umnumzane ungena esibayeni athethe athi:

"Njengoba umlobokazi ezonivusela umuzi, kwatholakala imbewu ichitheka kalula nje, kwaba nhlanga zimuka nomoya? Kwenzenjani makhehla amadala, nithule nithini izinto zonakala nibhekile? Sathi sithembele kinina, natholakala nidedela kalula nje?"

"Nani bogogo hlanganani, ningawuvumeli umhlola ongaka ungene ekhaya. Le ngane yabantu ezalela phansi, kodwa kuyoze kube nini? Akusizukulwane senu yini lesi esichithekayo? Sicela nibambe kuqine ngezandla zombili, nisekele le mbewu emosekayo. Kungaphinde kuchitheke kalula nje osekumumethwe. Ngalokhu kudla ngicela nikhanyise, kugqashuke namafindo okungabe aboshiwe. Lo mntwana wabantu naye makagcine esemtholile umntwana."

Emva kwalokhu kuye kube sekuhlatshwa imbuzi emhlophe yokumcelela inhlanhla umalokazana. Umbala omhlophe ukhomba inhlanhla nokunethezeka. Imbuzi iyona eyokumisela umalokazana kulokho angathuka esekumumethe, kungonakali kalula.

Mhlawumbe umalokazana angaba nephupho elidalwa yisilwane. Kuyachelwa, kucushwe kuvalwe isilwane. Kusuke kuqedwa iphupho ngoba mhlawumbe lisuke lihamba nesilwane. Naso singaba yimbangela yokuchitheka kosekumumethwe ngumalokazana.

## 4.5 UBUNZIMA BOKUKHULULEKA KOMLOBOKAZI

Ukubelethisa kungumsebenzi wabesifazane ngesiZulu. Uma kunobulukhuni ekubeletheni, kutholakala ukuthi kunzima, kubikelwa umnumzane. Uma sekuyisikhathi sokuba akhululeke umlobokazi, kunenkolelo yokuthi uvinjwe ngabaphansi. Lapho inyanda ithi kayemuke nesibopho. Abomndeni babuthana ndawonye exhibeni.

Kwesinye isikhathi umnumzane uthuma umfana wasekhaya, amnike induku athi akashaye indlu, ayizungeze. Uthi akashaye lona kanye ixhiba okunotetayo kulona. Naye umnumzane ungena esibayeni athethe idlozi. Uma mhlawumbe umnumzane kukhona iphutha elithile alikhumbulayo, noma umsindo owake wabangwa ekhaya, ube esecabanga ukuthi abaphansi badinwe yiwona. Umsindo awufuneki ekhaya ngoba ubanga umkhokha. Umnumzane uye abathethise abaphansi ashweleze ulaka.

Kungenjalo, omdala ekhaya, ikhehla noma isalukazi uyashweleza, ashise impepho. Uyathetha abuze ukuthi: "Kodwa nithule nithini umlobokazi esenkingeni? Yehlisani ulaka nikhulule izinhliziyo, umlobokazi akhululeke. Musani ukuvuma ezwe izinhlungu ezingaka."

Uma kukhona okungagcinekanga kahle kubo kamlobokazi, uyise uyashweleza emadlozini. Uye axolise kulokho angakugcinanga kumntanakhe, athembise ukukugcina. Ucela idlozi limdedele umntwana akhululeke. Bangambambeli inhliziyo elukhuni enamagqubu ngoba lokho kukhubaza indlela kumuntu omusha ozayo.

Kuvamisile ukuthi emva kwalokhu, akhululeke kalula umlobokazi. Inongwane yomntwana igqitshwa esibayeni. Ezinye izibongo njalo ziyilahla emfuleni inongwane idliwe yizinkalankala.

Kuya ngamasiko ezinhlobo ngezinhlobo zabantu. Inongwane phela iwubuyena umuntu. Noma umuntu esephume umuzi wakhe uyabuyiswa ayongcwatshwa lapho inkaba yakhe yagqitshwa khona.

Kwesinye isikhathi naye umkhwenyana uyakhuzwa ukuba ame ngomumo. Angalandi imikhokha kwezinye izindawo ngoba angaba yimbangela yalokhu kukhululeka kanzima komlobokazi. Kuyenzeka izimbangi zithumele imithi ngaye umkhwenyana. Uma esehlangana naye umalokazana kubekhona amafindo aboshwe nguzakwabo abangele umlobokazi akhululeke kanzima.

## 4.6 UKUDLULA KWABANTWANA EMHLABENI

Ukuganana kungumphumela neziqhamo zothando olunesisekelo nolubusisekileyo. Abantwana bayizithelo ezingumvuzo. Singebe nalo igunya lokuthi umuzi wesiZulu ungumuzi uma kungekho bantwana phakathi kwamasango.

Kumnandi kangakanani ukuzwa uhleko lwezingane ekhaya. Njengoba kuvezïwe ku 4.1.2 ukuthi kuligugu kwaZulu ukuthola umntwana. Kusithinta kangakanani emphefumulweni ukuzwa usana lukhala seluze lwanesilokozane?. Kubuhlungu kangakanani ukudlula kwabantwana emhlabeni, sebeke balunguza kuleli lengabadi?

Uma sekunesijwayezi esibi sokudlula kwabantwana emndenini, kumele kunikelwe ohlanyeni. Uma kuyisingabomu ngenxa yabantu abadala, kufanele kukhalwe kubona. USokhaya azikhalele athi: "Akusekuhle neze umlobokazi ezalela phansi. Siye sithi sisajabula ngendodana noma ngendodakazi esitholakele, ivele ihlwithwe okokhozi. Asale umntanomuntu esonge izandla. Kungaba umuzi onjani kodwa lona ngaphandle kwabantwana? Uzozibona kanjani yena ukuthi usengunkosikazi wekhaya ogcwele uma ephucwa isipho esikhulu kangaka? Kodwa senzeni kinina nize nibe nesihluku esingaka? Ake nimuphe phela naye umntwana ake ezwe ukugona."

## 5.1 ISINGENISO

Kunenkambo okufanele ayilandele umlobokazi ukuze kumhambele kahle emzini. Kunezindawo adinga ukuzihlonipha angangeni kuzona. Akavunyelwe ukungena esibayeni, nesilili akaseqi noma kanjani. Kunezinhlobo ezithile zokudla angeke azidle umalokazana enganikwanga zona ngomthetho, njengamasi, amaqanda, kanye nobisi.

## 5.2 UKUNGENISWA KOMLOBOKAZI ESIBAYENI

Isibaya yindawo ebalulekile nehloniphekile ehlala amadlozi. Isibaya yisona esengeme abangasekho. Ngakho-ke nakuba umlobokazi esendile, wathola abantwana, akavunyelwe ukungena esibayeni. Uma efuna ubulongwe noma umquba kufanele athumele ingane.

Uma sekudingeka angeniswe esibayeni ngokomthetho, uyisezala uthumela ukuba umalokazana agaye utshwala. Phela ngephunga nje lemithombo ngesikhathi bufudunyezelwa utshwala, abaphansi basuke sebebuphuzile baneliswa.

Umnumzane uye angene esibayeni, ahlale enhla nesibaya, abheke esangweni, alinde umalokazana azomphuzisa utshwala. Umalokazana ungena esibayeni abeke ukhamba lotshwala phambi kukayisezala qede aphungule abesemnika naye ukuba aphuze.

Naye belu uyisezala uphuzisa umlobokazi utshwala. Phela utshwala yibo obuhlanganisa izinyanya zekhaya nomalokazana. Uma sekuphuze noSokhaya kusuke sekuphuze nabaphansi imbala. Abaphansi bona babuphuza ngephunga utshwala babe sebeneliswa.

USokhaya uye ashise impepho akhulume nabaphansi athi: "Ngicela kinina bokhokho, nimvumele umalokazana angene esibayeni ngenkululeko. Usemdala ngokwanele kulo mndeni ukuthi angazila isibaya. Angithandi ahlupheke uma efuna ubulongwe, alokhu elinde izingane noma zingekho eduze. Uma edinga umquba wokutshala usengazikhelela wona mathupha. Kungenzeka kube nenkinga enkomeni isesibayeni kungekhomuntu eduze. Usenelungelo lokungena esibayeni ayixazulule inkinga yaleyo nkomo."

Ngokwesiko umalokazana akangeni ngentuba esibayeni. Intuba yilapho kungena khona abafana namankonyane. Isibaya phela ngesamathongo. Umalokazana kudinga aze agovoze uma ezongena ngentuba ngoba imfushane. Okunye okuyinkinga wukuthi umalokazana usaya esikhathini. Uma engahamba lapho kuhamba khona amankonyane kungasha ubisi, nezinkomo zishazeke zingabe zisanda. Uma umlobokazi eshada, uyangena esibayeni ngisho esesimweni esinjani, ngoba kusuke sekubikiwe emadlozini.

## 5.3 UKWEQIWA KWESILILI

Isilili endlini yesiZulu sihlukaniswe kabili. Kukhona esikayihlo nesikanyoko. Ngakho-ke ukweqiwa kwesilili kuqondene nomalokazana kuphela. Ukweqiwa kwesilili sesilisa kungezinye zezinkinga kumalokazana emzini. Umalokazana kufanele ahloniphe isilili sesilisa kunoma iyiphi indlu. Noma esinda akaseqi nangephutha isilili, usindelwa odadewabo bomyeni, noma abantwana bamantombazane asebekhulile. Ngisho ingane yonile uma ibaleka yeqela esililini sikayisezala, umalokazana uyadikibala.

Umalokazana akufanele angene endlini kayisezala. Ngisho noma esegulela ukufa uyisezala, ngeke amsize ngalutho uma kudingeka eqe iziko. Ngisho noma esinda indlu, akufanele eqele ohlangothini lukayisezala. Umalokazana uyeqiswa isilili ngokwesiko uma esemdala impela noma esesinisile.

Uma eseqiswa isilili umalokazana kufanele agaye utshwala. Kungumsebenzi kaninazala ukumeqisa, futhi umalokazana uhlala kulolo hlangothi eqiselwe kulona. Umalokazana uletha ukhamba lotshwala azophuzisa uninazala.

Emva kwalokho uninazala uye ashise impepho akhulume namadlozi athi: "Makhehl'amadala sengimeqisile umalokazana isilili. Ngithi usengahamba yonke indawo endlini, engaxwayi hlangothi. Ngicela nani nimenzele kubelula umntwana wenu. Angabi nenkinga uma kukhona akudingayo ngasesililini sesilisa. Ngicela akhululeke ngokusiza uyisezala uma esenkingeni angesabi."

"Mina niyangazi ukuthi sengimadolo nzima, ngidinga ukulekelelwa, angisakwazi ukwenza izinto eziningi. Mvumeleni-ke umalokazana ayaluze yonke indawo endlini ngoba vele useyinkosikazi yaleli khaya. Akukho nazimfihlo angafihlelwa zona. Sekudinga azi yonke into ngaleli khaya. Kuthi noma sigula kube nguyena ositatululayo asitatamise. Kunesidingo esikhulu sokuthi lingabibikho icala angeke anyathele kulona kulo muzi."

## 5.4 UKUGANISELANA KWEZIHLOBO

Ngaphambi kokuba ababili baganane, badinga bazane ngokuphelele izibongo zabo. Baphenye nokuthi abukho yini ubuhlobo obubahlanganisayo, obuzodala inkinga emshadweni wabo.

Lokho kusuke kwenzelwa ukuvimbela inkinga yokuganana kwezihlobo. Lo mthetho kodwa uvamile ukuphulwa. Labo-ke abaweqile kudinga bashweleze emadlozini. Kudinga isalukazi esidala, noma uyise womfana ashise impepho emsamo ashweleze emadlozini, athi: "Nina bosibanibani nakhu sekwenzeke iphutha emzini wenu. Abantwana sebethathana ngokomshado kodwa beyizihlobo. Nangu-ke umkhwenyana useyilethile imbuzi yokuqeda ubuhlobo. Ngakho-ke siyaninxusa ukuba ningabi nolaka, kumbe nithathe ngesinxele. Sicela kugezeke isihlobo, bangabe besathatheka njengodadewabo nomfowabo, kodwa babe yindoda nomfazi. Sicela bazimbandakanye esibongweni esisodwa salapha emndenini."

"Makungabibikho okubakhubazayo nakwinzalo yabo imbala. Asidingi zidalwa lapha emndenini. Sinxusa ukuba umuzi wabo usimame njengeminye imizi. Kungabibikho okubaphazamisayo empilweni yabo nasemendweni wabo. Bhukulani niphebeze imiswazi emibi, imikhokho namalumbo esingabomu angase akhaze umuzi. Impilo yonke yabo ilondolozeke ibe sesisekelweni nasentendeni yezandla zenu."

KumaZulu kunenkolelo yokuthi uma izihlobo zithuke zaganana, kungenziwanga mathizethize okushweleza, zizala izidalwa. Phela amadlozi asuke ecasukile yileso senzo, futhi engawuthakaselanga lowo mshado wabo.

Ngakho-ke wumswazi abasuke beshaywa ngawo abaphansi. Kwesinye isikhathi abazali behlelwa umshophi othile. Mhlawumbe omunye wabo ashone, noma bagcine sebehlukanisile emshadweni wabo, mhlawumbe bangabatholi abantwana.

Kube sekuhlatshwa imbuzi emhlophe yokuqeda ubuhlobo. Kucelwe kwabaphansi ukuba bathalalise bese beganana labo asebethandene beyizihlobo. Lokhu kwenziwa ngaphambi komshado. Ngamanye amagama lokhu bakubiza ngokuthi "ukubulala igula." Lokhu kugcizelela ukuthi nakuba bukhona ubuhlobo, kodwa abaphansi babunyathela buphele nya. Phela igula yisitsha sesiZulu esihlala amasi azodliwa wumndeni. Uma kukhulunywa ngokubulala igula kusho ukuqeda lobu buhlobo ukuze kwakhiwe umndeni ozoba nezinhlanhla nezilokotho, osuvunywe ngamadlozi.

## 3.5 UKUBONGA OKUHLE OKWENZEKILE

Ukubonga kuyinto ebalulekile emadlozini. Kuya ngokuthi hlobo luni lwento edinga ukubongwa. Uma kubongwa kubuthana umndeni wonke ndawonye. Kuyachazwa ukuthi lokho kwenziwelani kwazi wonke umndeni. Njengokuthi mhlawumbe umuntu wakwaShangase uthenge imoto.

Kuye kwenziwe idili elikhulu. USokhaya ushunqisa impepho emsamo, ameme wonke amaShuku, athi: "MaShuku amahle, nangu umfana esethenge imoto. Uthi uyabonga kinina ukumupha lesi sipho esikhulu kangaka. Sesiside isikhathi ehamba ngezinyawo, enethwa nayizimvula. Namhlanje senimhlumelelise ngesiphoesizomfinyezela indlela."

"Siyacela-ke nina boNdaleka niyisingathe le moto ngoba ngeyenu. Umfana imthathe.iye imbeke lapho efisa ukuya khona. Sondelani ngothi lwenu siyanimema, phebezani izingozi niphephethe izitha ezingase zimkhubaze endleleni yakhe. Uma esehamba ngayo akazizwe enesibindi ngoba sekungene nina kuqala kuyona."

Kuye kubulawe imbuzi, inyongo yayo ilengiswe kuyona imoto leyo ngaphakathi isifuthiwe. Amadlozi phela ayayithanda inyongo ngoba ayithatha njengendlu yawo, ngoba inendawo yokungena kuphela, ayikho eyokuphuma. Sekuke kwaphawulwa ku 3.1.3 ukuthi inyongo imnyama phakathi, kanti nabaphansi bathanda ubumnyama.

Amadlozi ayakudinga ukubongwa ngoba leso sipho umuntu asibongayo sisuke sitholakale ngenxa yawo. Ngakho-ke amadlozi ayakuthakasela ukubongwa, sikhombise ukuthi siwakhonzile, siyawakhumbula futhi siwakhathalele kangakanani.

## 0.1 ISINGENISO

Kunezindlela eziningi abaphansi abaziveza ngazo kulabo abasaphila. Enye yezindlela abazixhumanisa ngayo abaphansi nabaphilayo, amaphupho. Amaphupho iyona ndlela kwabaphansi yokuthuma, ukucela, ukukhalazela izinto ezithile ezidinga ukugcinwa. Kwesinye isikhathi angaqwashisa abasaphila ngengozi engase ibavelele bengazelele.

Bayaziveza futhi abaphansi kwabasaphila ngesifo esithile. Mhlawumbe kugule umuntu emndenini abuthwe nezibi, kanti kwesinye isikhathi yisingabomu, kukhaleleka isiko elithile elingagcinwanga. Abadala bona basuke bethatha ngokuthi bayekelelwe, abanakiwe. Kuyenzeka ukuthi umuntu alimale kabi noma ahlanye. Lowo mphumela obuhlungu ubizwa ngokuthi umkhokha. Kusho ukuthi umuntu uyahlawuliswa ngobudedengu nokungaqapheli kwakhe. Abaphansi bazibonakalisa ngezinyoka. Thina maZulu sikholelwa ukuthi abaphansi bakhuluma nathi ngomfanekiso wezinyoka. Kunemibala lezi-zinyoka ezizibonakalisa ngayo. Kukhona izinyoka ezingadingekile neze zingene ekhaya. Uma kwenzekile yangena kusuke kukhona okukhale-lekayo ngamadlozi.

## 0.2 UKUNGENA KWENYOKA (INYANDEZULU) EKHAYA

Akuzona zonke izinyoka ezithathwa njengamadlozi kuyo yonke imizi. Nobulili bamadlozi abehlukaniswa ngendlela efanayo kumizi ngemizi. Ngamanye amazwi kungenzeka elakwaNtuli idlozi kube yinyandezulu, kuthiwe elesifazane.

KwaGcaba kube yifulwa okuthiwa liyidlozi lakhona, kuthiwe elowesilisa. Inyandezulu yinyoka eluhlaza ngokuthi akubethuma ezinhlangothini. Inamabala ansundu emhlane nasezinhlangothini. Inyandezulu izangoma ziyikhipha emanzini uma zithwasa. Ngakho-ke yinyoka yamadlozi. Uma ingena ekhaya, izingenela yona, kuyabhekisiswa ukuthi ize ngolaka noma ngobuhle yini. Lowo-ke wumsebenzi wezangoma ukusikhanyisela kabanzi ngebika laleyo nyoka.

Kuye kudingeke kushwelezwe emadlozini uma le nyoka ize ngolaka kukhona mhlawumbe okukhalelekayo emndenini. Kanti uma ize ngobuhle nakhona iyahlatshelwa imbuzi, kukhulunywe nabaphansi ukuthi: "Sibonga ukungena kwenu bokhokho ukuzosilunguza kuleli khaya. Sibonga kona ukuba yiso kwenu phakathi kwekhaya. Nathi sihlezi ngeqholo ngoba sithembele kinina ukuba nihlale nisisingethe njalo."

## 0.3 UKUNGENA KWENYOKA (UKHOKHOTHI) EKHAYA

Enye inyoka engangeni ekhaya ukhokhothi, (inyoka yomgogodla). Uma kwenzekile yangena ekhaya, mhlawumbe isuke ilethe umkhuhlane. Kufanele ukhuzwe lowo mhlola ngokuthetha idlozi. USokhaya uthetha idlozi athi: "Sizwile nina makhehl' amadala izikhalo zenu, neziphosiso zethu. Sicela nisibekezelele, sizokugcina konke okuyisidingo. Siyaninxusa ukuba nisinike ithuba elanele nathi sikwazi ukuzilungiselela, ningasijahi neze. Yehlisani ulaka lwenu olungaka kithina, kuzolunga konke masishane."

## 6.4 IZIHLAHLA NAMAKHAMBI OKUPHATHELENE NAMADLOZI

Sonke siyazi ukuthi idlozi kuyakhulunywa ngalo. Kukhulunywa ngalo ngoba liyalalela konke esikubikayo. Liyaphendula futhi, kokunye lisheshe ukuphendula, noma lithathe isikhathi.

Kukhona isikhathi lapho ukukhuluma nedlozi ulibiza, ucela, uthetha kudingekile. Lokhu kungenzeka ngaphandle kokuba usebenzise imithi yakhona eqondene nalokho ofisa ukuba likwenze.

Uma lingaphenduli, kodwa kuqhubeka nokwenzeka lokho obufisa likunqande, noma kungenzeki lokhu obufisa kwenzeke, kuye kuthiwe idlozi likufulathele. Kufanele uphuthume uyothola imithi yokuliphendula libheke neno. Nansi-ke imithi ephathelene namadlozi:

### 6.4.1 UMLAHLANKOSI (UMPHAFA)

Umlahlankosi wumuthi wabaphansi. Lo muthi kulandwa ngawo umuntu ongasekho. Mhlazane elandwa lowo muntu lapho aphumela khona umphefumulo, kuhanjwa nehlamvu lomlahlankosi. Phela lowo muntu akalandwa ngabantu besifazane, ulandwa ngabesilisa. Kuba uSokhaya noma omunye wesilisa uma engasekho uSokhaya. Abantu besilisa yibona abasondelene kakhulu nabaphansi ngoba bayinsila yomuzi.

Uma umuntu eselandwa kuvukwa ekuseni kakhulu ngoba abaphansi basebenza kakhulu ebumnyameni. Kuye kunikelwe kuleyo ndawo lowo muntu olandwayo asala kuyo. Ophethe ihlamvu belu akakhulumisi muntu. Ufika kuleyo ndawo akhulume nalowo olandiwe athi: "Sibanibani sesifikile sikulandile. Sithi asihambe sibuyele ekhaya." Phela lokhu kusho ukumhlanganisa nabasaphila bomndeni. Naye usephila kanye nabo, futhi usezoba yidlozi elihle ekhaya.
Emva kwalokho uye ahambe engasabheki emuva lowo ophethe ihlamvu. Uma kuwelwa umfula uyasho athi: "Manje sibanibani sesiwela umfula othile, sidabula ihlathi elithile nawe." Ngokocwaningo laba ababili bayahambisana.

Lowo ongaphili kuba uyena osephila nosebona kangcono kunalo ophilayo. Kuye kwenzeke iphutha angatshelwa lowo olandiwe ukuthi sekwenzekani noma sebekuphi nendlela. Lokho kuye kubange ulaka kulowo olandiwe, uma behamba ngemoto kucishe kufe abantu. Kusuke kufana nokuthi lowo muntu akalandwanga, ngoba usuke esale endleleni.

Ekufikeni kwabo ekhaya, imbuzi isimi ngaphandle kwesango. Kukhona nokhamba lotshwala eduze kwembuzi. Imbuzi phela yisona silwane sokumema idlozi lisondele, ikakhulukazi kulowo obuyiswayo nasemndenini. Ukhamba lotshwala yilona oluxhumanisa umndeni kanye nabaphansi ukuze baphuze ngephunga abangasekho. Basuke benanela lo msebenzi owenziwayo.

Uma sebesuka esangweni kudinga atshelwe lowo olandiwe ukuthi: "Sibanibani sesingena ngaphakathi ekhaya. Sicela nawe ungene uhlangane nomndeni." Uma futhi sekungeniwe ngaphakathi uSokhaya ushisa impepho emsamo. Uye abikele abangasekho athi: "Nina bokhokho nangu usibanibani sesifikile naye. Simlande le ekudeni usezohlangana nomndeni. Sizomxhumanisa nani, sicela nimamukele emndenini naye aphile kanye nani."

Imbuzi inikezwa ihlamvu lomlahlankosi. Uma ilidla kusho ukuthi umuntu olandiwe ufikile emndenini. Uma ingalidli kusho ukuthi akafikanga ekhaya, kukhona lapho bemshiye khona. Yikho-ke kufanele njalo ophethe ihlamvu alokhu emchazela ukuthi sekwenzekani endleleni yabo.
Ihlamvu elisalayo lihlonywa phezulu ezintingweni exhibeni. Liba yisikhumbuzo sokuthi lowo obeyolandwa usekanye nawo umndeni nanini. Abadala bomndeni bahlala ezintingweni, bayaziswa nabo ukuthi lowo obelandiwe usekanye nabo. Kudingeka bambungaze. Ihlamvu lomlahlankosi liyinsika endlini yesiZulu kubantu abangasekho.

Imbuzi ibe isihlatshwa, inyama idliwe abomndeni. Inyongo, inceba, nehlamvu lomlahlankosi kuyahlanganiswa kulondolozwe ngumndeni ngoba kuncikene kakhulu nabaphansi. Umhlwehlwe waleyo mbuzi uyalondolozwa nawo ezintingweni zexhiba.

Uye ushiswe kanye nempepho uma kukhona abafuna ukukubika emadlozini mayelana nezinkinga zomndeni. Phela uma umhlwehlwe usuhlangene nempepho uba yiphunga elimnandi kwabayidlozi lekhaya.

ULamula, (1963:127) ufakaza athi:

> Umlahlankosi (umphafa - kuthiwa umuthi wamadlozi - kungathi idlozi likaShaka lathathwa ngawo kwaDukuza, lasiwa eMakhosini kwaNobamba).

## 6.4.2 IMPEPHO

Impepho yikhambi lasendle. Iyikhambi lekhethelo emadlozini. Iba yikhambi uma isigxotshiwe yafakwa emanzini. Iyisiphungo kwabanye abantu uma begula. Iyikhambi elihle enganeni uma ichatha ngalo.

Leli khambi alifi njengoba namadlozi engafi, ahlala enathi isikhathi sonke. Eqinisweni amadlozi siphila nawo. Impepho ayibuni futhi ayiwushintshi umbala. Impepho nedlozi yinto eyodwa engenakuhlukaniseka kalula. Uma sikhuluma namadlozi sishisa impepho. Iphunga layo liyezwana namadlozi.

Uma ikhiwa impepho idinga ukucophelela, nedlozi alithethwa noma ikanjani. Kudingeka ubunyoninco uma ulithetha. Uma ungayilandelanga yonke imigomo eqondene nalo, kufana nokuthi awenzanga lutho.

Kufana nokuthi uma ingashiswanga impepho ngesikhathi kukhulunywa nabangasekho emsamo, kufana nokuthela amanzi emhlane wedada kulokho okusuke kubikwa. Impepho futhi ayidliwa yizinkomo. Lokhu kusho obukhulu ubudlelwane phakathi kwayo nenkomo. Kokubili lokhu kuyingxenye enkulu yamadlozi.

## 6.5 UKUTHETHA IDLOZI NGOKWENZA

Idlozi liyathethwa ngokubika inkinga, ukucela, ukubonga lokho ofisa abaphansi bakusize noma bakwenzele kona. Idlozi liyathethwa ngokwenza kungakhulunywanga. Uma uSokhaya noma isalukazi esidala bezicelela noma bebonga kwabaphansi, bashisa impepho emsamo bakhulume ngezinhliziyo. Iphunga-nje lempepho liwukudla okuwanelisayo amadlozi.

Kuye kwenzeke inkosikazi yekhaya izigayele utshwala ibubeke emsamo. Phela isuke ibubekela bona abaphansi ukuba bazikholise ngephunga labo. Uma sebulungele ukuphuzwa kumenywa omakhelwane bazozibusela. Ngesikhathi inkosikazi icabanga ukugaya lobo tshwala isuke ingazisukeli yona. Ngemfihlakalo ethile, isuke isixhumene nabaphansi ngomoya. Inkosikazi ibe isithetha idlozi ngokwenza, igaye utshwala.

Amavovo nje otshwala ewodwa, esakazwa ebaleni, izinkukhu zizicoshela, kwenza ukuxhumana okukhulu nabaphansi. Lowo msindo-nje wokuxokozela kwamadoda ephuza kuyawanelisa amadlozi. Ukwabiwa kwezitho zenyama ngokuqondene ngendlu nendlu kuhlanganisa abaphilayo namadlozi. Yilolo nalolo lukhalo lubonga ngendlela ethile, ukunanela lowo msebenzi owenzekayo. Babodwa abasinayo, bangqabashiye.

Izingane zidla ndawonye ogqokweni, ibe yodwa ebaleka nethambo kubangiswane. Iyodwa ingane esulela amafutha enyama ezinyaweni. Abanye bahlala lize libe mathunzi, kuze kufike nabaphansi abasebenza ebumnyameni. Phela ikhaya lomnumzane lidinga kuhlale kuhlale kukhunjulwe abangasekho, bese sibenzela lokho abakuthandayo. Kungenzeka ukuthi nobedembesela ukwenza okuthile esaphila usenezikweletu. Uyadinga ukwenzelwa uma esengale. Uye agcine esethinte abaphilayo ngomoya wabaphansi ukuba kufezeke isifiso sakhe.

Ngelinye ilanga njalo belu kungonakalanga lutho, unkosikazi ezwe kuthi akabambe inkukhu egcekeni. Uye ayihlabe ayilengise emsamo, ize iphekwe ngakusasa. Ekanti phela ngayizolo isakhothwa ngamadlozi. Uma isiphekwa izobiliswa, bese idliwa isibanda. Iyabiliswa idliwe isibanda ngoba abaphansi bathanda ukudla okubandayo. Abanye baye bayizwe kahle uma beyisheba nedombolo elixovwe ngotshwala besiZulu. Lokhu kuchaza ukuhlonipha nokuzimbandakanya kwabaphilayo nedlozi.

Kunesikhathi lapho umuntu ekhumbula lowo osewamshiya emhlabeni. Lowo-ke uyahamba avakashele ithuna lakhe. Uma mhlawumbe kungowesifazane ufika ethuneni lomyeni wakhe asiphule ukhula oselukhungethe ithuna. Lokho kwenza kwakhe kusuke kungenye yezindlela zokuzicelela izinhlanhla kumyeni wakhe buthule.

## 7. ISIPHETHO

Amasiko angumgogodla weSintu ngoba axhumene namadlozi. Inkolo yamaZulu ukuthi isiko nesiko ligcina liyimpumelelo uma kudlulwe emadlozini. Ngakho-ke, isizwe ngesizwe sidinga ukuwazisa, siwagcine, siwalondoloze amasiko. Ngumsebenzi wezinzalabantu ukuqoqa lobu bugugu besizwe osebushabalala kancane kancane.

Isizwe nesizwe masingapheshethwa yimimoya, sigcine sesilahlekelwe wubuzwe baso. Kulihlazo ukuthi umuntu ufulathelwe yidlozi ephila, kanti mhlawumbe kuncane kabi okudinga akugcine. ISintu masilazi iqiniso elingephikiswe lokuthi idlozi likhona, futhi yilona elisondelene noMvelingqangi ngoba lona selisemzimbeni womoya.

Okubalulekile ukuba isizukulwane seSintu sazi ukuthi abantwana sibaphiwa nguMdali ngesandla samadlozi. Ngakho-ke badinga ukubongwa emadlozini ngokugcina amasiko ngemfanelo. Amadlozi wona abesedlulisela indumiso yokubonga kosesihlalweni sobukhosi. Lokhu kuyosiza ekutheni umntwana angaholeleki ezingqinambeni eziyodinga ukuxazululwa ngesandla sedlozi.

Ukufika komntwana emhlabeni kuyisipho esifihlekile. Ukusihalalisela lesi sipho, abazali kubabiza ukuthi baphakamise indumiso yokhulukhulu. Umntwana ngamunye osetholakele emndenini usuke eseyilunga lomndeni. Ukudlula kwa-khe emhlabeni kuvula esikhulu isikhala emndenini. Kubalulekile ukuthi kubhu-kulwe ukuthola ikhambi lalesi sifo esihlasele umndeni. Umsebenzi kaSokhaya ukuncenga kwabaphansi bake bakhawule ukuxegisa izandla ngale ndlela.

ISintu kumele sazi ukuthi idlozi alithethwa yinoma ngubani. Ukuze kubuye isithunzi sekhaya, uSokhaya nguyena oyinsika emiselwe ukumemeza idlozi. Lokhu ukwenza ngokomiselo lwakhe lokuzalwa. Idlozi yilona eliyisisekelo sempilo yeSintu egameni likaMenzi. Ngakho-ke alithethwa noma yikuphi. Umsamo nesibaya yizona zizinda zokuthethela idlozi ngokweSintu. Lezi zindawo yizona eziyithemba loMdabu uma sekuthintwa izidalwa zekhaya kanye nezeZulu.

Kufanele iSintu sikhanyelwe ukuthi imizi eyakhiwe ngomthetho wesiZulu ingeyabaphansi. Ngakho-ke badinga ukubikelwa uma kuphunywa inxiwa. Lokhu kuyobasiza uma kunombiko ophuthumayo abawulethayo emndenini.

Umalokazana udinga ukwamukelwa ngamadlozi, ahlanganiswe nomndeni. Lokhu kuyogcinwa ngokuba umlobokazi aqholiswe emzini.

Umalokazana uyisilomo emzini ngenxa yabantwana. Ukubaluleka kwakhe kuya kufiphala uma izithelo zingasabonakali. Uma umlobokazi engasabambi, kudingeka alashwe ngokulawulwa wuhlanya. Uma ubunzima budlulela, kudingeka kunyakaze wena salukazi, wena khehla ekhaya, bathethe idlozi.

Umalokazana njengomuntu ohloniphayo emzini, kunezindawo azizilayo. Isibaya yindawo lapho kuhlala khona amadlozi. Umalokazana akalingi nangebhadi abeke unyawo lwakhe khona. Isilili akufanele eqele kusona noma ikanjani, ikakhulukazi esikayisezala. Phela uze angeniswe ngokwesiko lesiZulu kulezo zindawo. Njengokuthi uma sekudinga angene esibayeni, uyisezala uthumela ukuba umalokazana agaye utshwala. Lobu tshwala buyiswa nguyena esibayeni kuyisezala, uyisezala abesembika emadlozini. Ngokunjalo uma eqiswa isilili ngumsebenzi kaninazala lowo. Umalokazana uletha ukhamba lotshwala azophuzisa uninazala. Uninazala ushisa impepho emsamo ambike emadlozini.

Isaga sesiZulu sithi: "Abantu bayaxabana, kodwa babuye baxolelane." Isiko lethu thina maZulu ukuthelelana amanzi. Phela uma kunengxabano emndenini, abaphansi bayathinteka, bese beba nolaka. Ulaka lwabo lukhubaza impilo yabantu ngenxa yokuba budedengu, kwangashwelezwa emadlozini ngalowo msindo. Ubuhle bomndeni ukuba uhlale njalo ngokukhothana kuhle kwemikhombe. Uma kukhona lapho uthintene khona kabi umndeni kuwubiza ukuba lokho kudluliswe masinyane ngokukhumela umlotha ngoba kungadala umkhokha ekhaya.

Kulolu cwaningo kuxwayiswa abasakhula nabadala ukuthi, nantu uphoko luyachitheka. Ludinga ukuqoqwa lungaze lusakazeke. Ihlazo namahloni akusasho lutho kubantu. Bekuyini khona umuntu agane isihlobo sakhe kungabi ndaba zalutho. Bayakhohlwa abathathanayo ukuthi umgcagco awukho esisekelweni esiqinile uma kungashwelezwanga emadlozini. Kuye kuthi kodwa uma umvundla seziwunqande phambili, baqale abantu ukubika imbiba babike ibuzi.

Ayikho into enhle njengokubonga. Phela amadlozi nawo ayathanda ukubongwa. Kudinga iSintu sazi ukuthi lokho umuntu akutholile, ekuphiwa ngamadlozi, kumele akubonge. Amadlozi adinga ukuthakaselwa ngegalelo lawo.

Lokhu kubonga amadlozi kuwanikeza igunya lokwazi ukuthi akhathalelwe kangakanani. Ngakolunye ukhalo nawo ebesekukhathalele, akhathalele ukukubona uchunywa yimizamo yakho. Ngamafuphi akhathalele ukukusibekela ngobumhlophe namathamsanqa.

Kufanele sazi iSintu ukuthi ziningi izindlela idlozi eliziveza ngazo kubantu. Kufanele amaphupho angabukelwa phansi ngabasaphila. Iyona ndlela abaphansi abaqwashisa ngayo abasaphila ngalokho okudinga ukugcinwa. Kunezinhlobonhlobo zezinyoka ezingumfanekiso wamadlozi. Lezi zinyoka zidinga ukwaziwa zihlonishwe ngoba zisuke zilethe umyalezo obalulekile kwabomndeni. Kuyishwa nokho ukuthi abanye baze bazibulale ngenxa nje yokungazi. Abanye baze babone ngengozi ethile uma bethi bayayibulala, kuyima bethuka.

Idlozi alithethwa ngokushunqisa impepho kuphela, liyathethwa nangokwenza kungakhulunywanga. Lowo mcimbi osuke ugcinwa, kusuke kuwuphawu lokuthetha idlozi buthule. Ngakho-ke ukuzivikela ezinkingeni ezithile, kudinga iSintu sihloniphe ubuntu nesithunzi saso. ISintu sibazise abaphansi ngoba impilo yaso isezandleni zabo, ngoba bona beyisandla sokuphosa sikaMveli. Kufanele leso naleso sizwe siwaqhakambise amasiko aso ukuze angafadalali unomphela.

Ngalokho-nje kukodwa, siyokube simdumise samehlula Yena oNguye nolindele ukuchuma kwaleyo ndumiso nendumiso, njengoba ayabela leso sizwe. Kodwa ukucindezeleka kwamasiko esizwe akwehlukene nokushazeka kwezitshalo ensimini, zikhwantshabale ngenxa yokuhluleka ukumelana nokhula nesomiso ezizithola ziphakathi kwakho. Ukusimama kwesiko nenkolo yikhona okuyobhashisa lonke uhlobo lokhula.

## 8. IMITHOMBO YOLWAZI


BIYELA. B.D. (1996):ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI, ESHOWE: KWANYEMBE.

CHILIZA, H.P. (1996):ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI, UMTHWALUME: MAGWAZA.

GCUMISA, M.S.S; MTHIYANE,E.T.Z; KHESWA,A.T. NOMTHEMBU,M.M. (1992):INSONYAMA, PIETERMARITZBURG:SHUTER NOSHOOTER.

GCUMISA,M NONTOMBELA. M. (1993):ISILULU SOLWAZI LWEMVELO, PIETERMARITZBURG:SHUTER NOSHOOTER.

GUMEDE,R.B. (1996):ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI, UMBUMBULU: SAWPITS.

KHUMALO,R.S. (1996):ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI, MAHLABATHINI: NKONJENI.

KRIGE,E.J. (1981):THE SOCIAL SYSTEM OF THE ZULUS, PIETERMARITZBURG: SHUTER NOSHOOTER.

LAMULA. P. (1967):ISABELO SIKAZULU, PIETERMARITZBURG: SHUTER NOSHOOTER.

MAKHANYA,N.E. (1996):ISIKO LOKUTHETHWA KWEDLOZI, UMBUMBULU : INTINYANE.

